AGRI-BUSINESS

ETHEKWINI MUNICIPALITY INVITES

EXPRESSION OF INTEREST TO PILOT HEMP AND CANNABIS SEED FOR TRIALS AND DISTRIBUTION TO LOCAL FARMERS/CULTIVATORS FOR COMMERCIALIZATION OF CANNABIS.

Agribusiness is a department which falls under Business Support, Markets, Tourism and Agribusiness Unit, the department mission is to service SMMEs in the agribusiness value chain within eThekwini Municipality with an aim of improving productivity of the SMMEs in the agribusiness space through customized solutions that reduces barriers to competitive markets, embracing science and technology, whilst increasing their contribution to eThekwini GDP.

This process will enable Agribusiness Department to pilot and develop the Hemp and Cannabis Sector toward full commercialization aligned to the ever-evolving South African Cannabis Legislation:

Background:

The African Cannabis Report (March 2019) has estimated that in 2023 the total market value of South African (SA) cannabis industry will be around $1.8 billion (assuming there is wholesale legislation and regulation of the cannabis industry). There is increasing demand for cannabis-based medicines. With the SA government having decriminalised cannabis use, particularly for medical use, there are opportunities of growing the industry in a more responsible way.

The eThekwini Agribusiness Masterplan has identified Cannabis as one of the Key Commodities that must be supported and developed to promote local economy and job creation. The Agribusiness Masterplan has the ambition to attract an investment of R 1 billion over a ten-year period to unlock economic value worth R 10 Billion and create 10,000 new Jobs.

Purpose:

The purpose of this Pilot Project is to assist farmers to familiarize themselves with growing methods and become accustomed to this new crop. The intension is to run trials for 4 -6 cycles to document learning and acclimatize the seed into the local environment. The focus will be on indigenous land raised strains and exotic strains which can be indigenized into the local environment and also grown under controlled environment.

During the trial period the purpose is to identify strains that have done well in specific areas, start to cross these strains creating hybrids specific to regions. Once these hybrids are stabilized and feminized, register them as local land raised strains, then start the commercialization process.

The proposals will be reviewed against their alignment with Agribusiness Masterplan Objectives.

THE KEY OBJECTIVES OF PILOT HEMP AND CANNABIS SEED FOR TRIALS AND DISTRIBUTION TO LOCAL FARMERS/CULTIVATORS FOR COMMERCIALIZATION OF CANNABIS.

- Develop a training programme to identify local growers training them to become Master Growers and Competent Cannabis growers
- Establish a seed bank and a local nursery which will provide seedlings for Hemp and Cannabis growers.
- Coordinate and empower historical users of Cannabis such as, Traditional Healers, Spiritual Users e,g (Rastafarian Community, etc).
- Develop and implement a commercialization strategy for historically excluded users, set up an equity structure under a legally recognized entity with clear ownership, responsibility and profit & loss share benefits.
- Actively advocate and participate in the Cannabis legislation process which is currently underway in the country.
- Attract public and private sector investment into the commercialization of the sector with Durban being strategically positioned as the market leader in the processing and distribution of Hemp and Cannabis as the legislation becomes progressively open.

APPLICATION/PROPOSAL SUBMISSION PROCESS:

1. Applications must consist of a detailed proposal on how the objectives Pilot project can be implement in eThekwini Municipality in alignment with Agribusiness Masterplan.
2. Proposals should clearly detail the organizational expertise on Cannabis development and commercialization.
3. Detailed financial model with financial contribution what will be provided by the applicant.
4. All submitted proposals will be evaluated against the objectives of the Pilot Hemp and Cannabis Seed for Trials and Distribution to Local Farmers/Cultivators for Commercialization of Cannabis
5. The outcome of whether the proposal is accepted or declined will be guided by Council decision with applicants advised accordingly.

TERMS AND CONDITIONS:

1. All applications must be delivered to the Agribusiness Department offices: Durban Fresh Produce Market 81 Flower Road, Clairwood, Durban 4052. No electronic submissions will be accepted.
2. Minimum 2 years experience in development and commercialisation of Cannabis
3. Proof of co-funding to implement such a project
4. Latest audited financial statements indicating the financial position of the applicant.
5. Submit details propsal and implementation plan for the 36 months duration indicating existing funding, required funidng and number of existing jobs created and new jobs that will be created through the parternship funding.

6. ADJUDICATION CRITERIA

DESCRIPTION	POINTS
1. Current market share in the industry,	20
2. Financial capability to implement the pilot,	40
3. Submit a detailed proposal with clear methodology as to how it will be implemented,	10
4. Demonstrate how the local growers will be developed and incorporate into the commercial cannabis ecosystem to participate in the projected growth of the sector.	10
5. Demonstrate how a social enterprise will be established to incorporate ownership, responsibility and profit & loss share benefits to local previously disadvantaged growers.	20

7. No applications will be accepted after the closing date of **17 November 2023 at 4:30pm**
8. Applicants required to sign a register on submission of their applications at the drop off. Signing of register is required for record and audit purposes.
9. The submission of an application does not guarantee proposal acceptance or partnership approval.
10. The feedback whether a proposal has been accepted or not will be communicated in due course.

For more information, contact
Mr. Vuyo Jayiya
Vuyo.Jayiya@durban.gov.za 031 311 4237

and Nelisiwe Gumede
Nelisiwe.Gumede@durban.co.za 031 322 9299

AGRI-BUSINESS

UMASIPALA WASETHEKWINI UMEMA

ABANESIFISO SOKUBA YINGXENYE YOHLELO OLUSAQALWAYO LWEMBEWU YENSANGU EHLUKENE EZOTSHALWA FUTHI ISATSHALALISWE KUBALIMI/ KUBATSHALI BAKITHI NGENHLOSO YOKUTHI KUQHUTSHWE IBHIZINISI LOKULIMA INSANGU

I-Agribusiness wumnyango ongaphansi kweYunithi yakwaBusiness Support, Markets, Tourism and Agribusiness, kanti injongo yalo mnyango wukulekelela amaSMME asendimeni yamabhizinisi ezolimo kuMasipala waseThekwini ngenhloso yokuthi kukhuliswe imikhiqizo yamaSMME emabhizinisini ezolimo ngokuqhamuka nezixazululo ezinembayo ezinciphisa imigoqo ekutheni ancintisane ezimakethe, kukhuthazwe isayensi nobuchwepheshe, kuphinde kukhuliswe negalelo lalo mkhakha kwiGDP yaseThekwini.

Lolu hlelo luzokwenza ukuthi uMnyango wakwa-Agribusiness uqale ukuhlola nokuthuthukisa umkhakha wokutshalwa kwensangu ehlukene ukuze ufinyelele esigabeni sokuba yibhizinisi ngokuphelele ngokuhambisana nemithetho eguquguqukayo njalo ephathelene neNsangu eNingizimu Afrika:

Umsuka:

UMbiko Wensangu yase-afrika (kaMashi 2019) walinganisela ukuthi ngo-2023 inani lasezimakethe lemboni yensangu eNingizimu Afrika (SA) lizobe lilinganiselwa ku-$1.8billion (kucatshangelwa ukuthi kuyoba khona imithetho yokuhweba nokulawulwa kwemboni yensangu). Siyakhula isidingo semithi yokwelapha eyakhiwa ngensangu. Njengoba uhulumeni waseNingizimu Afrika esekuvumela ukusetshenziswa kwensangu, ikakhulukazi ekwakhemi amakhambi okwelapha, kunamathuba okukhulisa le mboni ngendlela ngezindlela eziningi nezilungile.

ISu Elikhulu Lamabhizinisi Ezolimo eThekwini selihlonze ukutshalwa kwensangu njengolunye lwezinhlelo ezibalulekile okumele zesekwe futhi zithuthukiswe ukuze kukhuliswe umnotho wedolobha futhi kudalwe amathuba emisebenzi. ISu Lamabhizinisi Ezolimo leTheku luzimisele ukuheha utshalomali luka-R1 billion eminyakeni ewu-10 ezayo ukuze kudalwe amathuba ezomnotho azongenisa u-R10 billion kudalwe manathuba emisebenzi emisha awu-10,000.

Inhloso:

Inhloso yale Phrojekthi yokuzwa amanzi ngobhoko wukulekelela abalimi ukuze bazejwayeze lolu hlobo olusha lwesitshalo futhi olukhulayo. Inhloso wukuhlela iaikhawu ezine kuya kweziyisithupha zokutshala ukuze sibhale phansi esikufundile futhi sense le mbewu ikwazi ukujwayela izimo zakuleli dolobha. Kuzogxilwa kakhulu ohlotsheni lwensangu etshalwa ezindaweni zomdabu nezinhlobo ezisetshenziswayo ezingakwazi ukuthi zivume ezindweni esinazo futhi zikwazi ukukhula kahle ezindaweni ezilawulekayo.

Ngalesi sikhathi okuzobe kuqhutshwa ngalo umhlelo kuzobe kuhloswe ukuba kutholakale izinhlobo zensangu ezibonakala zivuma kahle ezindaweni ezithile, bese ziyahlanganiswa lezi zinhlobo ukuze kwakhiwe ezinye izinhlobo ezingamila nakwezinye izifunda. Uma lezi zinhlobo ezintsha sezihlangane kahle futhi sezitshaleka kalula, zizobhaliswa njengezinhlobo ezitshalwa kuphela lapha edolobheni, bese kuqala uhlelo lokuzidayisa.

Izicelo zokuba yingxenye yohlelo zizobhekwa ngokuthi ziyahambisana yini nezinjongo zeSu Elikhulu lamaBhizinisi Ezolimo.

IZINJONGO EZIBALULEKILE ZOKUQALWA KOHLELO LOKUZAMA UKUTSHALA IMBEWU YENSANGU EHLUKENE NOKUSATSHALISWA KWAYO KUBALIMI/ KUBATSHALI ABALIMELA UKUDAYISA INSANGU

- Ukuqala uhlelo lokuqeqeshwa ukuze kuhlonzwe abatshali edolobheni abazoqeqeshwa ukuze babe ngoChwepheshe Abanolwazi olunzulu Ekutshalweni Kwensangu
- Ukuba nendawo yokugcina imbewu nendawo yezitshalo yedolobha ezokwazi ukuhlinzeka ngembewu kubalimi bensangu ehlukene.
- Ukudidiyela nokuhlomisa ngolwazi abantu abebevele besebenzisa insangu njengabelaphi bendabuk, abayisebenzisayo ngokwenkolo (njengomphakathi wamaRasta, njll)
- Ukwakha nokuqala uhlelo lokudayiswa kwensangu kulabo abayisebenzisela ukuzithokozisa ababengavunyelwe phambilini, ukwakha uhlaka olusemthethweni ngaphansi kwebhizinisi elisemthethweni oluzochaza ngobunikazi, amajoka, nokwabelana ngengeniso nokulahlekelwa.
- Ukubamba iqhaza elibonalayo ohlelweni lokushaywa kwemithetho yensangu okumanje okuqhubekayo ezweni.
- Ukuheha utshalomali lukahulumeni nolomkhakha wamabhizinisi azimele ukuze atshale imali ekutheni lo mkhakha wenze inzuzo lapho iTheku kuyilona elizobe lizihola phambili njengabaholi ezimakethe uma kutshalwa futhi kusatshalaliswa insangu ehlukene njengoba imithetho isiqala ukuvuleleka.

UHLELO LOKULETHA IZICELO / IZIPHAKAMISO:

1. Izicelo kumele zihambisane nesiphakamiso ezichaza kabanzi ukuthi izinjongo zalolu hlelo lokuzwa amanzi ngobhoko zizokwazi kanjani ukuqaliswa kuMasipala waseThekwini ngendlela ezohambisana neSu Elikhulu Lamabhizinisi Ezolimo.
2. Iziphakamiso kumele zibhalwe ngokucacile ulwazi inhlangano enalo mayelana nokutshalwa nokudayiswa kwensangu.
3. Kumele zisho uhlelo lwezezimali nokuthi umfakisicelo uzofaka malini.
4. Zonke izicelo ezifakiwe ziyobhekwa ngokuqhathaniswa nezinjongo zoHlelo Lokuhlolwa Kwembewu Yensangu Ehlukene Nokusatshalaliswa kwayo Kubalimi/ Kubatshali beNsangu beDolobha.
5. Umphumela mayelana nokuthi isicelo semukelwe noma sichithiwe uyosuselwa esinqumweni soMkhandlu bese umfakisicelo eyaziswa ngendlela efanele.

IMIGOMO NEMIBANDELA:

1. Zonke izicelo kumele zihanjiswe ngesandla emahhovisi oMnyango wakwa-Agribusiness aseDurban Fresh Produce Market 81 Flower Road, eClairwood, Durban 4052. Ngeke zamukelwe izicelo ezithunyelwe ngekhompyutha.
2. Kudingeka okungenani isipiliyoni seminyaka ewu-2 ungumlimi nomdayisi weNsangu
3. Kudingeka ubufakazi bemali ezofakwa ukuxhasa le phrojekthi
4. Kudingeka izitatimende zezimali zakamuva ezicwaningiwe ezikhonbisa isimo sezimali somfakisicelo.
5. Thumela isicelo esichaza kabanzi neshu lokuqalisa uhlelo lwezinyanga eziwu-36 olukhombisa izimali ezikhona, izimali ezidingekayo nesibalo samathuba emisebenzi amasha ezodaleka ngokuxhaswa kwemprojekthi ngokulekelelana.

6. INQUBO YOKWAHLULELA

INCAZELO	AMAPHUZU
1. Igalelo onalo njengamanje embonini,	20
2. Amandla okuqhuba iphrojekthi ngokwezezimali,	40
3. Ukuthumela isicelo esichaza kabanzi nangokucacile indlela ezosetshenziswa nokuthi izosetshenziswa kanjani,	10
4. Ukuveza ukuthi abalimi bendawo bazothuthukiswa kanjani futhi bafakwe kanjani ezinhlelweni zokudayisa insangu babambe iqhaza uma sekukhula lo mkhakha,	10
5. Ukuveza ukuthi ibhizinisi lomphakathi lizosungulwa kanjani ukuze lihlanganise ubunikazi, amajoka nokwabelana ngemihlomulo nabalimi bedolobha ababencisheke amathuba phambilini.	20

7. Angeke zemukelwe izicelo uma sekudlule usuku lokuvala lomhla ka-**17 Novemba 2023 ngo 4:30pm**
8. Abafakizicelo kumele basayine irejista uma bezoshiya izicelo zabo. Ukusayinwa kwerejista kudingekela izinhloso zokugcinwa kwamarekhodi nobufakazi.
9. Ukuthi ulethe isicelo akuqinisekisi ukuthi isicelo sakho sizokwamukelwa noma sekuvunyiwe ukusebenzisana nawe.
10. Impendulo yokuthi ngabe isicelo semukelwe noma cha uyoyithola ngokuhamba kwesikhathi.

Ngolunye ulwazi, kungaxhunywana noMnu. Vuyo Jayiya ku
Vuyo.Jayiya@durban.gov.za 031 311 4237
noNelisiwe Gumede
Nelisiwe.Gumede@durban.co.za 031 322 9299